



NGAPHA KATHI:

<i>Ezivela Kumphathi</i>	1
<i>Amaphutha</i>	1
<i>Amalunga Amasha</i>	1
<i>Uphawu lwesibhedlela -Abaninile!</i>	2
- <i>Amakliniki</i>	3
- <i>Umdlango</i>	3
- <i>I-Otimate entsha</i>	4
- <i>Inxubevange</i>	4

IZIMEMEZELO

- Kukhona izinkonzo ezibakhona njalo ngolwezibili lapha esibhedlela. Kuyashintshana ke, kwesinye isikhathi ziba e ndlini yokukhonza (chapel) noma kwenye yamagumbi yeziguli. Kusho ukuthi Umnuz. Magwaza wasegumbini labesilisa angasisiza asibhalele uhla esingalifaka emabhodini asesibhedlela, ukuze singalahleki uma sifisa ukuya kulezininkozo.

Izikhathi ihora lesikhombisa ntabama e Chapel, kanti elesithupha uma zisemagumbini eziguli ntabama.

EZIVELA EHOVISINI LIKAMPHATHI WESIBHEDLELA



Unyaka ka 2004 usuya ngasemaphethelweni. Sonke siyazibuza ukuthi kanti izinsuku, amasonto nezinyanga onyakeni zishonephi! Isikhathi siyashesha impela! Isizathu sokuthi sizibuze konke lokhu mhlawumbi ukuthi asikwenzanga konke esasifise ukukwenza ekuqaleni konyaka.

Ngifisa ukuthatha lelitubha lokuthi nginiqwashise ukuthi impumelelo noma ngancane kangakanani siyamukeye, kungenjalo siyohlala sedukile ngaso sonke isikhathi. Makhulu amagxathu asethathiwe ekuthuthukiseni izinga lezempilo zabantu kulesisibhedlela. Imizamo emihle yabasebenzi iyabonakala futhi basebenze ngokuzikhandla okuncomekayo, ngemizamo yabo yokuthuthukisa izinga lezempilo zomphakathi esiwusebenzelayo, ukuze izinga lezempilo libe seqophelweni eliphezulu. Kulonyaka kube khona iminyango emisha yezempilo evuliwe kulesibhedlela,

ukunikeza abantu bakwaMaphumulo impilo engcono. Abasebenzi abasha abafike kulesisibhedlela basilethelele izinguquko nemibono emisha, esikubongayo sikwamukele ngezandla zombili.

Kube khona ukuhluthuka kwezinhliziyi kubaningi bethu ngenxa yokungatholi izimfanelo zokwenza imisebenzi yethu futhi nabahlala ngaphakathi bengathokozile ngezanga izindawo zokuhlala ebezikulo. Konke lokhu kubenomthelelo omuhle ngoba sikwazile ukuxoxisana siphume nezinyathelo esingazithatha ukulungisa isimo. Konke lokhu kusikhulise kakhulu.

Sibe nezindaba ezingaba zinhle ngokushiya ozakwethu emhlabeni kulonyaka, kanti nabasebenzi beshiywa izihlobo zabo, ngifisa ukuthi duduzekani nonke.

Sesiphokophelele emaphethelweni kalonyaka, asizibophezele ekuqhubekeni ngokusebenza nokuzikhandla nokuzimisela ukuze sigculise umphakathi wethu.

Ngakho ke kulawo mazwi, ngithi kumathimba onke esibhedlela, umsebenzi wenu uyancomeka

kakhulu, niqhubeke kahle njalo nje. Sengathi unyaka ungaphelela sisaphephile sonke.

NKK T.D. CHILIZA
UMPHATHI WESIBHEDLELA

SIYAXOLISA KUNINA NONKE:

*** Matron D. Shange**

Umsizi Womphathi Wonesi

*** Matron Z.V. Khuzwayo**

Umsizi Womphathi Wonesi

*** Matron G.N. Luthuli**

Umsizi Womphathi Wonesi

*** Matron S. Moodley**

Umsizi Womphathi Wonesi

Laba babenikezwe iziqu ekungezizo ezabo ebhukwini langenyanga edlule.

* Ms I.N. Fihlela

* Ms M.N. Nene

* Ms H.P. Dladla

* Ms N.A. Nomgu

Laba banyukela ezikhundleni ezingaphezulu ababasha njen-goba sasishicilele ngenyanga edlule.

ABASEBENZI ABASHA

Nhlapho MSH
Mkhwanazi F
Langeni NN

SIYAKUHALALISELA EKUKHUSHULWENI KWESIKHUNDLA

Mthembu M.L


ABAVELA KWEZINYE IZINDAWO

LZP Sibiya
MK Luthuli
PC Bloese

Siyaxolisa ku:

Mnuz. Magwaza wasegumbini labesilisa ngokukukhohlwa kwabafikayo ebhukwini lethu langenyanga edlule. Usixolele kakhulu. WamukeleKE kakHulu lapha ekhaya!

SESIZESABANALO UPHAWU LWETHU...



INCAZELO EGCWELE NGO- PHAWU LWESIB- HEDELELA SETHU

Izipopolo, umjovo nemithi
(ekhoneni lwesokudla phezulu)
– kumele iqophelo eliphezulu

Iwemithi nezinto esiziseben-
zisayo kulesisibhedlela esi-
fisa kuqhubeke kanjalo.

Isiphambano esibomvu
(ekhoneni lwesokunxele
phezulu) –simele isikhungo
sezempilo esisesimweni
sokusebenza nesaziwayo
ukuthi sikhona.

Udokotela(ekhoneni kweso-
kudla ngezansi) – umele
bonke abahlengikazi nodoko-
tela beqophelo eliphezulu
esinabo nalabo esithemba
ukuthi siyoqhubeka sibe
nabo nakusasa.

Ukhozi (ekhoneni kwesesinx-
ele ngezansi) - lumele

-amandla esibhedlela
-lapho isibhedlela sifisa
ukufinyelela khona
-isibhedlela esincanyana
futhi esizithobile siya ezin-
geni elisha futhi eliphezulu
kakhulu.

Okusahawu- loku okukokele
konke kusho ukuthi lendawo
eyamaZulu futhi si-
yaziqhenya ngamasiko ethu
nendabuko yethu.

Isisho- vision of an eagle: it
sithathwe ebhayibhelini.
Njengoba sazi ukuthi Um-
phumulo waqalwa amam-
ishini, okusho ukuthi une-
siqalo sokholo kakhulu.

...UPHAWU LWETHU LUYAQHUBEKA

*“Ukuba nophawu
lwakho, ukwaziwa
ukuthi ungubani futhi
uphokophelephi”*

Abantu abasakha babenga-
makholwa. Ingakho sibone
kufanele ukuthi nalolho ku-
vele phela njengomlando
waso isibhedlela. Uma
sisqhathanisa indlela esasi-
kuyona kuqala namanje
ukhona umehluko omkhulu
kabi. Sesidlondobale kak-
hulu futhi siyethembaukuthi
sisazodlondobala njalo, size
sibe isibhedlela esikhulu
ezweni.

Lokhu isifiso sethu esisilangazelele
kakhulu. Kuyisiqubulo nenjongo
yethu yesikhathi esizayo.

IMIBALA

Imibala esiyisebenzisile imele,
impilo, imithi nekusasa eliqhakazile.
Eminye ke ithathwe kuphawu lwesi-
fundazwe sakwaZulu Natali sezem-
pilo njengoba sincike

Kakhulu nemigomo kahulu-
meni, silandele konke esid-
inga ukukulandela
ngendlela.

lyaphela

ITHIMBA ELIPHUME PHAMBILI KWELOPHAWU LWESIBHEDELELA!

kuNhlaba kulonyaka beku-
banjwe umcintiswano wo-
kudwetshwa kophawu lwe-
sibhedlela ebelungenelwe
amagumbi amaningi. Igumbi
eliwinile lizothola umklomelo
emcimbini wokwamukeliswa
ngezindondo ekupheleni
konyaka.

Bantu bakithi, igumbi lo-
kubelethisa ilona elawina.
Umqondo wabo usunikeze
isibhedlela ukuqhakaza
okuhle kabi.



**Ithimba eliziqhenyayo ngokuphumelela
kwalo, begumbi lokubelethisa. Isib-
hedlela sesiqalile ukuyisebenzisa.**

Izinto ezifana nalezi zibalule-
kile kakhulu ngoba ilapho
esithola khona ukuthi abase-
benzi bathini nokuthi baca-
bangani, nanokwazana nje
sisebenza ndawonye.
Ukufunda ukusebenzisana
njengethimba kuyakhuthazwa
kakhulu. Ilapho sicobelana
ulwazi nezifiso ngesikhungo
sethu. Awubheke nje nathi
sesinophawu lwethu oluthi
thina. Injabulo yodwa phela
le!

IMITHOLAMPILO INGXENYE YESIBHEDLELA UMPHUMULO

Kunokungaqondi kubantu bakithi ukuthi amakliniki angaphansi kwesibhedlela Umphumulo, ngako -ke awasetshenziswe. Sidinga ukweluleka umphakathi wethu ngosizo abangaluthola emakliniki, nanokuthi bayonga kakhulu uma beya emakliniki kunokuthi bagjibele izimoto bakhokhe, babuye bezohlala isikhathi esibhedlela ngenxa yokugcwala kanti bebengaluthola usizo emtholampilo oseduze namakhaya. Lapho bengadingi ukuvuka ekuseni kakhulu beyogibela amatekisi ukuza esibhedlela. Nanokukhokha ke imali engaka kanti umuntu uziphathelwe umkhuhlane nje.



Kliniki yaseMthandeni enye yakakliniki angaphansi koMphumulo

Ikliniki ngayinye iyavakashelwa udokotela ngesonto. Onesi nodokotela base-makiliki kufuneka babhale izinsuku nezikhathi udokotela afika ngazo ukuze umphakathi wazi.

Udokotela noma unesi ekliniki uyothumela iziguli esibhedlela uma ebona ukuthi umuntu udinga ukuba sesibhedlela.

Bakithi sikhala njalo sithanda ukuthuthukisa lezizikhungo zezempilo ukuze zihlale zisesimweni esihle ngaso sonke isikhathi, ngakho sidinga ukwazi ukuthi umphakathi ucabangani. Khona sizokwazi ukukhuphula amasokisi lapho esiba namaphutha khona.

UMHLANGANO WABASEBENZI OWAWUBANJWE NGO MHLAKA 10/11/2004...



UNkk. Chiliza umphathi wesibhedlela nabanye abaphathi ekhuluma nabasebenzi

Sisibonile isidingo sokuba sisungule imihlangano enjengalena ukuze abaphathi bazi ukuthi abasebenzi bathini futhi bazizwele imibuzo abasebenzi abanayo bese beyaziphendulela.

Umhlangano waba impumelelo kabi! Abasebenzi bebuzwa ukuthi bazuzeni bathi

bazuze lukhulu kabi futhi bajabulile ukuhlangana nabaphathi ngeziqu.

Lomhlangano bewuhlose ukucacisela abasebenzi ngezinguquko esibhedlela esikuzona nezizoba khona. Nemisebenzi eyenzekayo nesazokwenzeka, isimo sezimali, isabelo sesibhedlela namakliniki wonke.

“Kuyakhuthaza kakhulu ukubona ubudlelwane obuhle kangaka phakathi kwabaphathi nabasebenzi”

...UMHLANGANO WABASENZI UYAQHUBEKA

Izinhlelo zonyaka omusha mayelana namahovisi nokulungisa izindawo zokuhlala.

Kwasekuba isikhathi sabasebenzi ukuthi babuze imibuzo yabo eyaba wusizo olukhulu kabi, ngoba, sabona ukuthi abasebenzi banendaba kakhulu ngeziguli zethu nesibhedlela jikelele ngoba neziguli zethu uqobo ziyakhala ngesibhela zithi indawo incane impela. Sesi-yethemba ukuthi Umnyango

wezempilo waKwaZulu Natali uzosizwela uphuthumise lezizinhlelo zokunweba lesibhedlela sethu.

Umphathi wesikhungo wajabula kakhulu ngokufika kwabasebenzi kulomhlangano ngobuningi babo, nokuphosa itshe esivivaneni. Wabakhuthaza ukuthi beze kulemihlangano bazizwele ngezabo. Kuyakhuthaza kakhulu ukubona ubudlel



Abasebenzi emhlanganweni

wane obuhle phakathi kwabasebenzi nabaphathi.


**IZINDABA
ZESIBHEDLELA**

Private Bag X9219
Maphumulo
4470

Phone: (032) 481 4168
Fax: (032) 481 2203
Email: H043154@dohho.kzntl.gov.za

We're on the web!
**Www.kznhealth.gov.za/um
phumulohospital.htm**

Azikebo izindaba ezindala



I OTIMATI KLINIKI ENTSHA



I Otimati Kiniki iyakhiwa kabusha, sithemba ukuthi umphakathi wethu uzoyi-jabulela lekiniki yabo entsha. Konke lokhu kwenziwa ngenhloso yokukhuthaza inqubekela phambili ngoba ezikhathini eziningi, into eyenza ukuthi kungasebenzeki ezingeni eligculisayo kusuke kuyindawo osebenzela kuyo.

Lokhu kuhle kakhulu sethembe ukuthi imisebenzi enjengalena izoba miningi emphakathini yethu, yokuthuthukisa izikhungo zezempilo.

INXUBEVANGE



Sihalelisa Abaphathi ababili abebenzelwe iziphihli zamadili ngamagumbi ebawaphethe ngaphambi kokukhushulelwa ezikhundleni. Lokhu isibonelo esihle kakhulu sokusebenza ngokubambisana njemathimba ayimbumba. Siyakukhuthaza kakhulu ke lokhu okwenzeka lapha. Naba lungiseleli nabo bayancomeka kakhulu, muhle umsebenzi wenu!

U Matron Khuzwayo uhaliselwa ithimba lakhe labasegumbini labesimame.

Halala kubadlali baman-tombazane ngokuhlula iMontobelo. Abafana badlala ngokulingana ne Montobelo ne Ntunjambili.

ABASHONILE

Sivalelise okokugcina ku **Mr MMC Luthuli** Osishiye emhlabeni ku Lwezi 2004. Alale ngokuthula.

U Matron Luthuli uhaliselwa ithimba lakhe lasegumbini lokubelethisa

Halala kwabazalwe kuMfumfu no Lwezi!